- (b) whether or not the person who shall manage, maintain or operate the required electricity transmission infrastructure (or engage in any combination of these activities), shall be an organ of state;
- (c) whether the person who constructs, manages, maintains or operates the required electricity transmission infrastructure shall own that infrastructure;
- (d) whether the electricity transmission infrastructure, or the electricity supplied by means of such infrastructure, shall be purchased or used by a person designated in the determination as the buyer or user;
- (e) whether the electricity transmission infrastructure, or electricity supplied by means of the infrastructure, may only be sold to or used by the buyer or user referred to in paragraph (d); and
- (f) where applicable, the conducting of the procurement process for the establishment of the required electricity transmission infrastructure.
- (4) A determination referred to in subsection (1) may include provisions dealing with any ancillary matter that is necessary or desirable to facilitate the procurement of electricity, new generation capacity or electricity transmission infrastructure, as the case may be.”; and
- (g) by the addition after subsection (4) of the following subsections:
- “(5) A determination contemplated in subsection (1)(a) may be combined with a determination contemplated in subsection (1)(b).
- (6) In making a determination in terms of this section, the Minister—
- (a) must have regard to the content of the integrated resource plan and the transmission development plan, as the case may be; and

|   |  |
|---|--|
| <p><u>yokuthumela ugesi ukuze kuqinisekiswe ukuphakelwa kahle kukagesi;”;</u></p> <p>(d) ngokususa esigatshaneni soku-(1) sezindima ((d) kanye no-(e);</p> <p>(e) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) lesi sigatshana esilandelayo:</p> <p style="padding-left: 2em;">“(2) Isinqumo okukhulunywe ngaso esigatshaneni soku-(1)(a) 5<br/>kufanele sifake imihlinzeko ebheka—</p> <p style="padding-left: 2em;">(a) izinga lohlelo olusha lokuphehla amandla kagesi oludingekayo ukuze kusungulwe, noma ugesi okudingeka ukhiqizwe, ngokulandela leso sinqumo;</p> <p style="padding-left: 2em;">(b) izinhlobo zemithombo yamandla noma ubuchwepheshe ugesi ongaphehlwa ngakho kanye nenkomba yenani likagesi elingaphehlwa kumthombo ngamunye waleyo mithombo noma ubuchwepheshe;</p> <p style="padding-left: 2em;">(c) ukuthi isiphehli noma iziphehli zizoba abakhqizi bamandla abazimele noma isikhungo sikahulumeni;</p> <p style="padding-left: 2em;">(d) ukuthi ugesi okhiqizwa kanjalo, noma ingxenye yawo eshiwo, kufanele uthengwe ngumuntu oqokwe kwisinqumo njengomthengi walowo gesi;</p> <p style="padding-left: 2em;">(e) ukuthi ugesi okhiqiziwe, noma ingxenye yawo, ingadayiselwa umthengi okukhulunywe ngaye endimeni (d);</p> <p style="padding-left: 2em;">(f) lapho kufanele khona, ukwenziwa kwenqubo yokuthengwa kukagesi okhiqizwayo; kanye</p> <p style="padding-left: 2em;">(g) nezinga uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi oluhlongozwe endimeni (a) elingasungulwa ngayo ngabakhqizi bamandla abazimele kanye nogesi okhiqizwe kanjalo ophakelwa abathengi ngokulandela izivumelwano zokuhlinzeka eziningi.”;</p> <p>(f) ngokufaka endaweni yezigatshana (3) no (4) lezi zigatshana ezilandelayo, ngokulandelana:</p> <p style="padding-left: 2em;">“(3) Isinqumo okukhulunywe ngaso esigatshaneni (1)(b) 30<br/>singabandakanya imihlinzeko ebheka—</p> <p style="padding-left: 2em;">(a) uhlobo kanye nobukhulu bengqalasizinda edingekayo yokuthumela ugesi;</p> <p style="padding-left: 2em;">(b) ukuthi ngabe umuntu ozophatha, anakekele noma asebenzise ingqalasizinda edingekayo yokuthumela ugesi (noma enze noma iyiphi inhlanganisela yale misebenzi), ukuthi uyoba isikhungo sikahulumeni;</p> <p style="padding-left: 2em;">(c) ukuthi ngabe umuntu owakha, ophatha, onakekela noma osebenzisa ingqalasizinda yokuthumela ugesi edingekayo uzoba ngumnikazi waleyo ngqalasizinda;</p> <p style="padding-left: 2em;">(d) ukuthi ingqalasizinda yokuthumela ugesi, noma ugesi ohlinzekwe ngaleylo ngqalasizinda, uzothengwa noma usetshenziswe umuntu oqokwe esinqumweni njengomthengi noma umsebenzisi;</p> <p style="padding-left: 2em;">(e) ukuthi ngabe ingqalasizinda yokuthumela ugesi, noma ugesi ohlinzekwe ngengqalasizinda, ingadayiselwa kuphela noma isetshenziswe umthengi noma umsebenzisi okukhulunywe ngaye endimeni (d); futhi</p> <p style="padding-left: 2em;">(f) lapho kufanele khona, ukwenziwa kwenqubo yokuthenga ukuze kusungulwe ingqalasizinda yokuthumela ugesi edingekayo.</p> <p style="padding-left: 2em;">(4) Isinqumo okukhulunywe ngaso esigatshaneni soku-(1) 50<br/>singabandakanya imihlinzeko ephathelene nanoma yiluphi udaba oluseceleni oludingekayo noma olufisekayo ukuze kube lula ukuthengwa kukagesi, umthamo wokuphehla ugesi omusha noma <u>ingqalasizinda yokuthumela ugesi, kuye ngokuthi yikuphi.”</u>; futhi</p> <p>(g) ngokwengeza ngemuva kwesigatshana sesi-(4) lezi zigatshana ezilandelayo:</p> <p style="padding-left: 2em;">“(5) Isinqumo esihlongozwe esigatshaneni soku-(1)(a) 55<br/>sihlanganiswa nesinqumo esivezwe esigatshaneni soku-(1)(b).</p> <p style="padding-left: 2em;">(6) Ekwenzeni isinqumo ngokwalesi sigaba, uNgqongqos—</p> <p style="padding-left: 2em;">(a) kumele abheke okuqukethwe uhlelo oludidiyelwe lwensiza kanye nohlelo lokuthuthukisa ukuthumela ugesi, kuye ngokuthi yiluphi; futhi</p> | <p>5</p> <p>10</p> <p>15</p> <p>20</p> <p>25</p> <p>30</p> <p>35</p> <p>40</p> <p>45</p> <p>50</p> <p>55</p> <p>60</p> |
|---|--|

- (b) may deviate from the integrated resource plan or transmission development plan in an emergency or if it is necessary to do so in the national interest.
- (7) Prior to deviating from the integrated resource plan or transmission development plan as envisaged in subsection (6)(b), the Minister must publish a notice in the *Gazette*, inviting the public to comment on the proposed deviation.
- (8) If it is reasonable and justifiable in the circumstances, the Minister may depart from the provisions of subsection (7).
- (9) The Minister has such powers as may be necessary or incidental to giving effect to a determination referred to in subsection (1)(a) or (1)(b), including the power to—
- (a) undertake such management and development activities, including entering into contracts, as may be necessary to prepare and conduct procurement processes for the development, construction, commissioning and operation of electricity generation facilities and electricity transmission infrastructure;
  - (b) purchase, hire or let anything or acquire or grant any right or incur obligations for or on behalf of the State or prospective participant in any relevant procurement process for the purpose of transferring such thing or right to a successful participant; and
  - (c) subject to the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999), issue any guarantee, indemnity or security or enter into any other transaction that binds the State to any future financial commitment that is necessary or expedient for the development, construction, commissioning or effective operation of public or privately owned generation facilities or electricity transmission infrastructure.
- (10) The Regulator, in exercising its powers and performing its functions under this Act—
- (a) is bound by any determination made by the Minister in terms of subsection (1)(a) or (b); and
  - (b) may issue a licence or registration certificate for the activities listed in section 4(a)(i) in the absence of a determination made by the Minister in terms of subsection (1)(a) or (1)(b).
- (11) In exercising the powers under this section the Minister is not bound by the State Tender Board Act, 1968 (Act No. 86 of 1968).
- (12) A determination contemplated in this section may establish an energy infrastructure project, which includes not only new generation capacity and new electricity transmission infrastructure, but also other interconnected or related infrastructure, installations, buildings, structures, facilities, systems, services or processes, including gas infrastructure, in which case, subsections (3) and (9) shall, with the necessary changes, apply to such infrastructure, installations, buildings, structures, facilities, systems, services or processes.
- (13) The Regulator must, in respect of an energy infrastructure project contemplated in subsection (12), exercise its powers and perform its functions under this Act and any other statute in a coordinated and integrated manner.
- (14) The Minister may, in writing, direct the Regulator to conclude a memorandum of understanding with any other regulator in order to facilitate the coordinated establishment of an energy infrastructure project contemplated in subsection (12).
- (15) For purposes of this section, ‘electricity transmission infrastructure’ means transmission facilities or any other electricity infrastructure designated by the Minister by notice in the *Gazette* for this purpose, excluding electricity generation facilities.”

- (b) angachezuka ohlelweni oludidiyelwe lwensiza noma uhlelo lokuthuthukisa ukuthumela ugesi esimweni esiphuthumayo noma uma kudingekile ukwenza kanjalo ngokubhekelela izidingo zezwe.
- (7) Ngaphambi kokuchezuka ohlelweni oludidiyelwe lwensiza noma uhlelo lokuthuthukisa ukuthumela ugesi njengoba kuhlongozwe esigatshaneni sesi-(6)(b), uNgqongqoshe kufanele ashicilele isaziso kwiGazethi, esimema umphakathi ukuba uphawule ngokuchezuka okuhlongozwayo.
- (8) Uma kunomqondo futhi kufaneleka kulezo zimo, uNgqongqoshe angasuka emihlinzekweni yesigatshana sesi-(7).
- (9) Ungqongqoshe unavo lawo mandla angadingeka noma ahambisana nokufeza isinqumo okukhulunye ngaso esigatshaneni soku-(1)(a) noma soku-(1)(b), kuhlanganisa namandla—
- (a) ukwenza leyo misebenzi yokupathha kanye nokuthuthukisa, okuhlanganisa nokungena ezinkontilekeni, njengoba kungase kudingekile ukuze kulungiswe futhi kwensiwe izinqubo zokuthenga ukuze kuthuthukiswe, kwakhwiwe, kugunyazwe futhi kusetshenziswe kwezikhungo zokuphehla ugesi nengqalasizinda yokuthumela ugesi;
- (b) ukuthenga, ukuqasha noma ukuvumela noma yini noma ukuthola noma ukunikeza noma yiliphi ilungelo noma ukuzitholela izibopho ngokwakhe noma egameni loMbuso noma ozoba umhlanganyeli kunoma iyiphi inqubo efanele yokuthenga ngenjongo yokudlulisela leyo nto noma ilungelo kumbambiqhaza ophumele; futhi
- (c) ngokuncike eMthethweni Wokupathwa Kwezimali Zikahulumeni, we-1999 (uMthetho 1 we-1999), ukukhipha noma yisiphi isiqinisekiso, isinxephezelu noma isibambiso noma angene kunoma yimuphi omunye umsebenzi obophezelu uMbuso kunoma yisiphi isibopho sezezimali sesikhathi esizayo esidingekile noma esifanele ukuthuthukiswa, ukwakhwiwe, ukugunyazwa noma ukusebenza ngempumelelo kwezikhungo zokuphehla ugesi zikahulumeni noma ezizimele noma ingqalasizinda yokuthumela ugesi.
- (10) UMIlawuli, lapho esebebenza amandla akhe futhi enza imisebenzi yakhe ngaphansi kwalo Mthetho—
- (a) esithathwe uNgqongqoshe ngokwesigatshana soku-(1)(a) noma (b); futhi
- (b) angakhipha ilayisensi noma isitifiketi sokubhalisa semisebenzi esohlwini esigabeni sesi-4(a)(i) ngaphandle kwesinqumo esenziwe uNgqongqoshe ngokwesigatshana soku-(1)(a) noma soku-(1)(b).
- (11) Ekusebeniseni amandla ngaphansi kwalesi sigaba uNgqongqoshe akabophekile ngokwe-State Tender Board Act, 1968 (Act No. 86 of 1968).
- (12) Isinqumo esihlongozwe kulesi sigaba singasungula iphrojekthi yengqalasizinda yamandla, engahlanganisi uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi kuphela nengqalasizinda entsha yokuthumela ugesi, kodwa nezinye izingqalasizinda ezixhumene noma ezhlobene nazo, ukufakwa, izakhiwo, izikhungo, izinhlelo, izinsiza noma izinqubo, okuhlanganisa nengqalasizinda yegesi, lapho, izigatshana esesi-(3) nesesi-(9), ngezinguqukuo ezidingekayo, kufanele zisebenze kuleyo ngqalasizinda, ukufakwa, izakhiwo, izikhungo, izinhlelo, izinsiza noma izinqubo.
- (13) UMIlawuli kufanele, mayelana nephrojekthi yengqalasizinda yamandla ehlongozwe esigatshaneni se-(12), asebenzise amandla akhe futhi enze imisebenzi yakhe ngaphansi kwalo Mthetho kanye nanoma yimuphi omunye umthetho ngendlela ehlekile nedidiyelwe.
- (14) UNgqongqoshe, ngokubhala, angayalela uMIlawuli ukuba aphethe imemorandum yokusebenziana nanoma yimuphi omunye umlawuli ukuze kube lula ukusungulwa okudidiyelwe kwephrokthi yengqalasizinda yamandla ehlongozwe esigatshaneni se-(12).
- (15) Ngokwezhinloso zalesi sigaba, ‘ingqalasizinda yokuthumela ugesi’ isho izinsiza zokuthumela ugesi nanoma iyiphi enye ingqalasizinda kagesi eqokwe uNgqongqoshe ngesaziso kwiGazethi ngokwale nhloso, ngaphandle kwezikhungo zokuphehla ugesi.”.

**Insertion of sections 34A and 34B in Act 4 of 2006**

**28.** The following section is hereby inserted in the principal Act after section 34:

**“Establishment, duties, powers and functions of Transmission System Operator SOC Limited”**

**34A.** (1) Subject to section 35C(1), the Minister of Public Enterprises must establish a juristic person to be known as the “Transmission System Operator SOC Limited” in order to provide an open market platform that shall allow for competitive electricity trading. 5

(2) The duties, powers and functions of the Transmission System Operator SOC Limited referred to in subsection (1) shall include the following: 10

- (a) To be a transmitter;
- (b) system operation;
- (c) to be a market operator; and
- (d) to be a central purchasing agency. 15

**Powers and functions of transmitter, system operator, market operator and central purchasing agency**

**34B.** (1) A transmitter must—

- (a) implement infrastructure plans for the transmission network, incorporating the capacity and demand and outlook to ensure reliable grid services to generators and customers; 20
- (b) maintain and operate the transmission grid and coordinate outages;
- (c) develop and implement transmission use of system charges and transmission charges subject to the approval of the Regulator;
- (d) provide non-discriminatory access to the transmission power system to third parties; and 25
- (e) develop the transmission development plan.

(2) A system operator must—

- (a) operate the integrated power system in a safe, secure, efficient and sustainable way; 30
- (b) plan in respect of the development, strengthening, upgrading and refurbishment of the national transmission power system;
- (c) perform forecasting and dispatch scheduling; and
- (d) co-operate with the Minister and any person acting as a procurer in terms of section 34, to facilitate the establishment of any new generation capacity or electricity transmission infrastructure, or acquisition of electricity, that is the subject of a section 34 determination. 35

(3) A market operator must—

- (a) provide for a transparent, non-discriminatory trading platform, approved by the Regulator, for power market participants to trade; 40
- (b) develop a market code and rules, including qualifying criteria for power market participants approved by the Regulator; and
- (c) the market code shall include, but is not limited to, provisions related to the following: 45

- (i) The different types of markets necessary to ensure effective and secure operation of the industry including both physical and financial transactions between power market participants in the appropriate timescales, to enable the market transactions and regulated transactions; 50

**Ukushuthekwa kwezigaba 34A kanye no-34B zoMthetho 4 wezi-2006**

**28.** Ngakho-ke lesi sigaba esilandelayo sishuthekwe kuMthethongqangi ngemuva kwesigaba sama-34:

**“Ukusungulwa, imisebenzi, amandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Limited**

5

**34A.** (1) Ngokuncike esigabeni sama-35C(1), uNgqongqoshe Wezamabhibizini Kahulumeni kufanele asungule igatsha lezomthetho elizokwaziwa ngokuthi “Transmission System Operator SOC Limited” ukuze kuhlinzekwe inkundla evulekile yemakethe ezovumela ukuhwebelana ngogesi okuncintisanayo.

10

(2) Imisebenzi, amandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Limited okukhulunye ngayo esigatshaneni soku-(1) izobandakanya okulandelayo:

15

- (a) Ukuba umthumeli;
- (b) ukusetshenziswa kohlelo;
- (c) ukuba ngumqhubi wemakethe; kanye
- (d) nokuba yisikhungo esiyinhloko sokuthenga.

**Amandla nemisebenzi yomthumeli, umqhubi wohlelo, umqhubi wemakethe kanye nesikhungo esiyinhloko sokuthenga**

**34B.** (1) UMthumeli kumele—

20

(a) aqalise izinhlelo zengqalasizinda zenethiweki yokuthumela ugesi, ehlanganisa umthamo nesidindo kanye nombono ukuze kuqinisekiswe izinsiza ezithembekile zegridi kubaphehli nakubathengi;

25

(b) agcine futhi asebenzise igrudi yokuthumela ugesi futhi ahlanganise ukucisha;

30

(c) athuthukise futhi aqalise ukusetshenziswa kokuthumela amashaji ohlelo kanye namashaji okuthumela kuncike ekugunyazweni koMlawuli;

35

(d) ukuhlinzeka ngokufinyelela okungabandlululi ohlelweni lokuthumela amandla kwezinye izindawo; futhi

40

(e) athuthukise uhlelo lokuthuthukisa ukuthumela

(2) Umqhubi wohlelo kumele—

45

(a) asebenzise uhlelo lwamandla oludidiywwe ngendlela ephophile, evikelekile, ephumelelayo neqhubekayo;

50

(b) ahlele maqondana nokuthuthukisa, ukuqinisa, ukuthuthukisa kanye nokuvuselelwa kohlelo lukazwelonek lokuthumela ugesi;

55

(c) enze ukubikezela nokuhlela ukuthunyelwa; futhi

(d) abambisane noNgqongqoshe kanye nanoma yimuphi umuntu osebenza njengomthengi ngokwesigaba sama-34, ukwenza lula ukusungulwa kwanoma yiluphi uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi, noma ingqalasizinda yokuthumela ugesi, noma ukutholwa kukagesi, okuyinto yesinqumo sesigaba sama-34.

(3) Umqhubi wemakethe kufanele—

55

(a) ahlinzekele inkundla yokuhweba esobala, engacwasi, egunyazwe uMlawuli, ukuze abahlanganyeli bemakethe yamandla bahwebe;

(b) athuthukise ikhodi yemakethe kanye nemithetho, okuhlanganisa indlela yokufaneleka yabahlanganyeli bemakethe yamandla egunyazwe uMlawuli; futhi

(c) ikhodi yemakethe izobandakanya, kodwa ingagcini kulokho kuphela, imihlinzeko ehlobene nalokhu okulandelayo:

- (i) Izinhlobo ezahlukene zezimakethe ezidingekayo ukuze kuqinisekiswe ukusebenza kahle kanye nokusebenza okuphehile kwemboni okuhlanganisa kokubili ukuthengiselana okuphathekayo kanye nezezimali phakathi kwabahlanganyeli bemakethe yamandla esilinganisweni sesikhathi esifanele, ukuze kube khona ukuthengiselana kwemakethe kanye nemisebenzi elawulwayo;

|       |  |    |
|-------|--|----|
| (ii)  | the method of operation, as well as development of systems, processes and procedures for the implementation of these markets;  | 5  |
| (iii) | provisions for reconciliation in order to identify imbalances between scheduled and actual production, the consumption of electricity by power market participants, and the allocation of costs of remedial action and penalties where applicable;   | 10 |
| (iv)  | the qualifying criteria for power market participants, including financial and prudential requirements;  | 15 |
| (v)   | governance of the market code, including mechanisms for power market participants and stakeholders to propose changes to the code; and   | 20 |
| (vi)  | any other aspects necessary for effective and efficient market operation.  | 25 |
| (4)   | A transparent, non-discriminatory trading platform and trading mechanism for power market participants referred to in subsection (3)(a) is envisaged to be a competitive multi-market structure, which provides for market transactions, physical bilateral transactions and regulated transactions. | 30 |
| (5)   | A central purchasing agency must—  | 35 |
| (a)   | conclude and enter into transaction agreements as may be necessary for the procurement of electricity, including sufficient capacity and energy supply;  | 40 |
| (b)   | in line with the Republic's international obligations, agreements and undertakings—  | 45 |
| (i)   | conclude electricity import agreements that ensure a reliable and stable supply of electricity for customers within the Republic; and  |    |
| (ii)  | conclude electricity export agreements, having regard to the interests of the Republic over the long term;   |    |
| (c)   | in relation to regulated transactions—   |    |
| (i)   | be the buyer for existing Independent Power Producer power purchase agreements, as well as new Independent Power Producer power purchase agreements, as required by Ministerial determination;   |    |
| (ii)  | conclude power purchase agreements with each Eskom generator to cover capacity payments and ancillary services for a period approved by the Regulator;   |    |
| (iii) | conclude vesting contracts with Eskom generators and distribution licensees, as the case requires, approved by the Regulator, to manage the transition to a competitive market; and  |    |
| (iv)  | trade all energy purchased under the legacy independent power producer contracts and act as the balance responsible party on behalf of the legacy independent power producer contracts.”.  |    |

**Amendment of section 35 of Act 4 of 2006, as amended by section 12, and renumbered by section 16, of Act 28 of 2007**

**29. Section 35 of the principal Act is hereby amended—**

- (a) by the substitution in subsection (2) for paragraph (d) of the following paragraph:  
“(d) [codes of practice relating to] the security, operation, use and maintenance of transmission and distribution power systems;”;
- (b) by the substitution in subsection (3) for paragraph (c) of the following paragraph:  
“(c) the security, operation, use and maintenance of transmission and distribution power systems;”;

|       |   |    |
|-------|---|----|
| (ii)  | indlela yokusebenza, kanye nokuthuthukiswa kwezinhlelo nezinquo zokuqaliswa kwalezi zimakethe;  |    |
| (iii) | imihlinzeko yokubuyisana ukuze kutholakale ukungalingani phakathi kokuhiqizwa okuhleliwe nokwangempela, ukusetshenzisa kukagesi ngabahlanganyeli bemakethe kagesi, kanye nokwabiwa kwezindleko zezinyathelo zokulungisa kanye nezinhlawulo lapho kufanele khona;  | 5  |
| (iv)  | imibandela yokufaneleka yabahlanganyeli bemakethe yamandla, okuhlanganisa nezimfuneko zezimali kanye nobuhlakan;  | 10 |
| (v)   | ukupathwa kwekhodi yemakethe, okuhlanganisa izindlela zokuthi abahlanganyeli bemakethe yamandla kanye nababambiqhaza baphakamise izinguuko kwikhodi; kanye  | 15 |
| (vi)  | nanoma yiziphi ezinye izici ezidingekayo ukuze kuqhutshwe imakethe ngempumelelo.  |    |
| (4)   | Inkundla yokuhweba engafihli, engacwasi kanye nendlela yokuhweba yabahlanganyeli bemakethe yamandla okukhulunywe ngayo esigatshaneni sesi-(3)(a) kucatshangwa ukuthi ibe uhlaka Iwezimakethe eziningi oluquhulanayo, oluhlinzekela ukuthengiselana kwemakethe, ukuthengiselana okuphathekayo kwamazwe amabili kanye nokulawulwa kokuthengiselana. | 20 |
| (5)   | Isikhungo esiyinhloko sokuthenga kufanele—  |    |
| (a)   | siphethe futhi singene ezivumelwaneni zokuthengiselana njengoba kungase kudingke ekuthengeni ugesi, okuhlanganisa umthamo owanele kanye nokuphakelwa ugesi;   | 25 |
| (b)   | ngokuhambisana nezibopho zeRiphabhulikhi zamazwe ngamazwe, izivumelwano kanye nezibopho—  |    |
| (i)   | siphethe izivumelwano zokuthenga ugesi kwamanye amazwe eziqinisekisa ukuphakelwa ugesi okuthembekile nokuzinzile kumthengi wangaphakathi eRiphabhuliki; futhi   | 30 |
| (ii)  | siphethe izivumelwano zokuthelisa ugesi, ngokubhekelela izintshisekelo zeRiphabhulikhi esikhathini eside;   |    |
| (c)   | maqondana nokuthengiselana okulawulwayo—  |    |
| (i)   | sibe umthengi wezivumelwano ezikhona zokuthengwa kwamandla kaMkhiqizi Ozimele, kanye nezivumelwano ezintsha zokuthengwa kwamandla kaMkhiqizi Ozimele, njengoba kudingwa isinqumo sikaNgqongqoshe;   | 35 |
| (ii)  | siphethe izivumelwano zokuthengwa kukagesi nesiphehlingsinye sakwa-Eskom ukuze kukhokhelwe izinkokhelo zamandla kanye nezinsiza ezhambisanayo isikhathi esigunyazwe nguMlawuli;   | 40 |
| (iii) | siphethe izivumelwano zokunika amandla iziphehlizakwa-Eskom kanye namalayisensi okusabalalisa, njengoba kudingeka, agunyazwe uMlawuli, ukulawula ukuguqukela emakethe ebangisanayo; futhi   |    |
| (iv)  | sihwebe ngawo wonke amandla athengwe ngaphansi kwezinkontileka zomkhiqizi wamandla ozimele wefa futhi sisebenze njengesibophezelo sokubhalansa egameni lenkontileka yomkhiqizi wamandla ozimele wefa.”.   | 45 |

**Ukuchitshiyelwa kwasigaba 35 soMthetho 4 wezi-2006, njengoba sichitshiyelwe 50  
isigaba 12, futhi njengoba sinezinombolo ezibhalwe kabusha isigaba 16, soMthetho  
28 wezi-2007**

**29. Ngakho-ke isigaba sama-35 soMthethongqangi sichitshiyelwe—**

(a) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(2) sendima (d) le ndima elandelayo:

“(d) [inqubo yokuziphatha ehambisana] ukuphepha, ukusebenza, ukusetshenzisa kanye nokugcinwa kwezinhlelo zokuthumela nokusabalalisa amandla kagesi;”;

(b) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(3) sendima (c) le ndima elandelayo:

“(c) ukuphepha, ukusebenza, ukusebenzia nokuphatha izinhlelo zokwethula nokwabiwa kwamandla;”;

- (c) by the substitution in subsection (3) for paragraph (i) of the following paragraph:
  - “(i) the fees to be paid in respect of mediation, arbitration and the settlement of disputes;”;
- (d) by the insertion after subsection (3) of the following subsection:
  - “(3A) The Regulator must, after consultation with the Minister, make rules regarding the content of the transmission development plan, including rules relating to the inclusion in the plan of an analysis of grid connection capacity, reasonable timelines for the expansion and strengthening of the national transmission power system and the estimated cost of the transmission development, strengthening, upgrading and refurbishment envisaged in the plan.”; and
- (e) by the deletion in subsection (4) of paragraph (n).

**Insertion of sections 35A, 35B and 35C in Act 4 of 2006**

30. The following sections are hereby inserted in the principal Act after section 35: 15

**“Delegation and assignment**

**35A.** (1) The Minister may, subject to such conditions he or she may impose, in writing, delegate any power conferred on him or her under this Act, except a power to make regulations, and may assign any duty so imposed on him or her, to the Director-General or any other officer in the Department. 20

(2) The Minister is not divested of any power or exempted from any duty delegated or assigned in terms of subsection (1).

(3) The Minister may at any time—

- (a) amend or withdraw a delegation or assignment made in terms of subsection (1); or
- (b) subject to subsection (4), withdraw or amend any decision made by a person exercising a power or performing a duty delegated or assigned in terms of subsection (1).

(4) A decision made by a delegatee or assignee may not be withdrawn in terms of subsection (3)(b) where it confers a right or entitlement on any third party. 30

**Offences and penalties**

**35B.** (1) Any person who—

- (a) contravenes the provisions of section 7(1);
- (b) fails to comply with a direction issued in terms of section 4(b)(iiA)(bb);
- (c) obstructs or hinders any person authorised in terms of section 33(1) in the exercise of powers under section 33;
- (d) makes any false or misleading statement to the Regulator in connection with any matter contemplated in this Act; or
- (e) without lawful authority, damages, removes or destroys any transmission, distribution or reticulation cable, equipment or infrastructure, shall be guilty of an offence. 35

(2) Any person who is convicted of an offence by a court of law referred to in subsection (1) shall be liable to a fine not exceeding R1 000 000,00 or to imprisonment for a period not exceeding five years or to both such fine and imprisonment. 40

(3) Despite anything to the contrary contained in any other law, a Magistrates Court has jurisdiction to impose any penalty provided for in this Act. 45 50

- (c) ngokufaka endaweni yesigatshana sesi-(3) sendima (i) le ndima elandelayo:  
     “(i) Imali ezokhokhelwa, ukuxazulula nokwahluvela imibango;”;
- (d) ngokushutheka ngemuva kwasigatshana sesi-(3) lesi sigatshana esilandelayo:  
     “(3A) UMLawuli kufanele, ngemva kokubonisana noNgqongqoshe,  
         enze imithetho ephathelene nokuqukethwe kohlelo lokuthuthukisa  
         ukuthumela, okuhlanganisa nemithetho ephathelene nokufakwa  
         ohlelweni lokuhlaziya komthamo wokuxhunywa kwegridi, izikhathi  
         ezifanele zokunwetshwa kanye nokuqiniswa kohlelo lukazwelone  
         lokuthumela ugesi kanye nesilinganiso sezindleko zokuthuthukisa  
         kokuthumela, ukuqinisa, ukuthuthukisa kanye nokulungiswa kabusha  
         okuhlongozwe ohlelweni.”; futhi
- (e) ngokususa isigatshana sesi-(4) sendima (n).

#### **Ukushuthekwa kwezigaba 35A, 35B kanye no-35C zoMthetho 4 wezi-2006**

**30.** Ngakho-ke izigaba ezilandelayo zishuthekwe kuMthethongqangi ngemuva  
       kwesigaba sama-35:

5

10

15

#### **“Ukululisa amandla nokwabela**

**35A.** (1) UNgqongqoshe, kuncike kuleyo mibandela angayibeka,  
       ngokubhala, angadlulisa noma yimaphi amandla anikezwe wona ngaphansi  
       kwalo Mthetho, ngaphandle kwamandla okwenza imithethonqubo, futhi  
       anganika uMqondisi-Jikelele noma yinanoma yisiphi esinye isikhulu  
       eMnyangweni noma yimuphi umsebenzi anikezwe wona.

(2) UNgqongqoshe akaphucwa noma yimaphi amandla noma  
       akakhululwa kunoma yimuphi umsebenzi awuphathisiwe noma  
       awunikeziwe ngokwesigatshana soku-(1).

(3) UNgqongqoshe nganoma yisiphi isikhathi—

- (a) angachibiyela noma ahoxise ukululisa kwamandla noma ukunika  
       umsebenzi okwensiwe ngokwesigatshana soku-(1); noma  
       (b) ngokuncike esigatshaneni sesi-(4), angahoxisa noma achibiyele noma  
       yisiphi isinqumo esithathwe umuntu osebenzia amandla noma  
       owenza umsebenzi awunikeziwe ngokwesigatshana soku-(1).

(4) Isinqumo esithathwe yinxusa noma owabelwe umsebenzi angeke  
       sihoxiswe ngokwesigatshana sesi-(3)(b) lapho sinikeza ilungelo noma  
       amatungelo nganoma yimuphi umuntu wesithathu.

20

25

30

#### **Amacala nezinhlawulo**

**35B.** (1) Noma yimuphi umuntu—

- (a) ophula imihlinzeko yesigaba sesi-7(1);  
       (b) ohluleka ukuthobela isiyalelo esikhishwe ngokwesigaba sesi-  
           4(b)(iiA)(bb);  
       (c) othiya noma ovimbela noma yimuphi umuntu ogunyazwe  
           ngokwesigaba sama-33(1) ekusebenziseni amandla ngaphansi  
           kwesigaba sama-33;  
       (d) owenza noma isiphi isitativende esingamanga noma esidukisayo  
           kuMlawuli maqondana nanoma yiluphi udaba oluhlongozwe kulo  
           Mthetho; noma  
       (e) ngaphandle kwegunya elisemthethweni, owonakalisa, osusa noma  
           ocekele phansi noma iyiphi intambo yokuthumela, yokusabalalisa  
           noma yokukhipha, izinto zokusebenza noma ingqalasizinda; uzakuba  
           necalala.

35

40

45

50

55

(2) Noma yimuphi umuntu olahlwe icala yinkantolo yomthetho  
       okukhulunywe ngayo esigatshaneni soku-(1) uzobekana nenhlawulo  
       engeqile ku-R1 000 000,00 noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile  
       eminyakeni emihlanu noma kokubili inhlawulo nokuboshwa.

(3) Ngaphandle kwanoma yini ephambene equkethwe kunoma yimuphi  
       omunye umthetho, iNkantolo Yezimantshi inegunya lokubeka noma iyiphi  
       inhlawulo ehlinzekiwe kulo Mthetho.

(4) Any person who, in any manner, without lawful authority, acquires or receives into his possession from any other person transmission, distribution or reticulation cable, equipment or infrastructure without having reasonable cause for believing, at the time of such acquisition or receipt, that such transmission, distribution or reticulation cable, equipment or infrastructure is the property of the person from whom he acquires or receives it or that such person has been duly authorized by the owner thereof to deal with it or dispose of it, shall be guilty of an offence.

(5) Any person who is convicted of an offence referred to in subsection (4) shall be liable to a fine not exceeding R5 000 000,00 or to imprisonment for a period not exceeding ten years or to both such fine and imprisonment.”.

### Transitional provisions

**35C.** (1) From the effective date of this Act, until the date that the Transmission System Operator SOC Limited referred to in section 34A(1) is established, which period shall not be longer than five years, the National Transmission Company South Africa SOC Limited—

- (a) is for all purposes deemed to be the Transmission System Operator SOC Ltd;
- (b) must perform the duties, powers and functions of the Transmission System Operator SOC Ltd; and
- (c) in exercising its duties, must do so in a manner that is independent and ensures fair and equitable treatment of all system users.

(2) During the period of transition referred to in subsection (1), the Regulator shall exercise regulatory oversight and facilitate the transition to a competitive market.

(3) Notwithstanding the provisions of subsection (1), the Regulator must, subject to the conditions determined by the Regulator, upon application by the National Transmission Company South Africa SOC Limited and after satisfying itself regarding the appropriateness thereof, issue the relevant licence to the National Transmission Company South Africa SOC Limited for the performance of the duties, powers and functions of the Transmission System Operator SOC Ltd as provided for in section 34A(2).”.

### Amendment of arrangement of sections in Act 4 of 2006

**31.** The arrangement of sections after the long title of the principal Act is hereby 35 amended—

- (a) by the insertion after “2. Objects of Act” of the following:  
**“2A. Application of Act”;**
- (b) by the insertion after “17. Revocation of licence on application” of the following:  
**“17A. Revocation and deregistration”;**
- (c) by the substitution for “24. Rights over streets” of the following:  
**“24. Rights over roads or streets”;**
- (d) by the substitution for “34. New generation capacity” of the following:  
**“34. Additional electricity, [New] new generation capacity and electricity transmission infrastructure”;**
- (e) by the insertion after “34. Additional electricity, new generation capacity and electricity transmission infrastructure” of the following:

(4) Noma yimuphi umuntu, nganoma iyiphi indlela, ngaphandle kwegunya elisemthethweni, ozuza noma othola esandleni sakhe kunoma yimuphi omunye umuntu intambo yokuthumela, yokusabalalisa noma yokukhipha, izinto zokusebenza noma ingqalasizinda ngaphandle kwesizathu esizwakalayo sokukholwa, ngesikhathi sokutholwa noma irisidi, ukuthi leyo ntambo yokuthumela, yokusabalalisa noma yokukhipha, izinto zokusebenza noma ingqalasizinda iyimpahla yomuntu ayithenga noma ayithole kuye noma lowo mutu egunyazwe ngokusemthethweni umnikazi wayo ukuthi ayisebenze noma ayilahle, uyoba unecala.

(5) Noma yimuphi umuntu olahlwe icala okukhulunywe ngalo esigatshaneni sesi-(4) uyobhekana nenhlawulo engeqile ku-R5 000 000,00 noma agqunywe ejele isikhathi esingeqile eminyakeni eyishumi noma abhekane nako kokubili inhlawulo nokugqunywa ejele.”.

5

10

### Imihlinzeko yesikhashana

**35C.** (1) Kusukela ngosuku lokuqala kokusebenza kwalo Mthetho, kuze kube usuku lapho *i-Transmission System Operator SOC Limited* okukhulunywe ngayo esigabeni sama-34A(1) iyasungulwa, isikhathi esingeke sibe ngaphezu kweminyaka emihlanu, *i-National Transmission Company South Africa SOC Limited*—

- (a) ingeyazo zonke izinhloso ezithathwa njenge-*Transmission System Operator SOC Ltd*;
- (b) kumele yenze imisebenzi futhi isebezise amandla *e-Transmission System Operator SOC Ltd*; futhi
- (c) ekwenzeni imisebenzi yayo, kufanele yenze lokho ngendlela ezimele futhi eqinisekisa ukupathwa ngendlela efanele neliganayo kwabo bonke abasebezisi bohlelo.

(2) Ngesikhathi soguquko okukhulunywe ngalo esigatshaneni soku-(1), uMlawuli uzosebeniza ukugada ngokomthetho futhi enze kube lula ukuguqukela emakethe ebangisanayo.

(3) Naphezu kwemihlinzeko yesigatshana soku-(1), uMlawuli kufanele, kuncike kwimibandela enquunywe nguMlawuli, lapho isicelo se-*National Transmission Company South Africa SOC Limited* futhi emva kokuzenelisa mayelana nokufaneleka kwalokho, akhiphe ilayisensi efanele kwi-*National Transmission Company South Africa SOC Limited* ekwenzeni imisebenzi nasekusebenseni amandla *e-Transmission System Operator SOC Ltd* njengoba kuhlinzekiwe esigabeni sama-34A(2).“

15

20

25

30

35

### Ukuchitshiyelwa kokuhleleka kwezigaba zoMthetho 4 wezi-2006

**31.** Ngakho-ke ukuhlelwa kwezigaba ngemuva kwestihloko eside soMthethongqangi kuchitshiyelwe—

- (a) ngokushutheka ngemuva kwsigaba “2. Izinjongo zalo Mthetho” lokhu okulandelayo:  
“**2A. Uku setshenziswa koMthetho**”;
- (b) ngokushutheka ngemuva kwsigaba “17. Ukuchithwa kwesicelo selayisense” lokhu okulandelayo:  
“**17A. Uku hoxiswa kanye nokwesulwa kokubhaliswa**”;
- (c) ngokufaka endaweni yesigaba “24. Amalungelo amayelana nemigwaqo” lokhu okulandelayo:  
“**24. Amalungelo amayelana nemigwaqo**”;
- (d) ngokufaka endaweni yesigaba “34. Uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi” lokhu okulandelayo:  
“**34. Ugesi owengeziwe, [Uhlelo] uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi kanye nengqalasizinda yokuthumela ugesi**”;
- (e) ngokushutheka ngemuva kwsigaba “34. Ugesi owengeziwe, uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi kanye nengqalasizinda yokuthumela ugesi” lokhu okulandelayo:

40

45

50

55

- 34A.** Establishment, duties, powers and functions of Transmission System Operator SOC Ltd;
- 34B.** Powers and functions of transmitter, system operator, market operator and central purchasing agency”; and
- (f) by the insertion after “35. Regulations, rules, guidelines, directives and codes of conduct and practice” of the following:
- 35A.** Delegation and assignment
- 35B.** Offences and penalties
- 35C.** Transitional provisions”.

**Substitution of long title of Act 4 of 2006, as amended by section 13 of Act 28 of 2007** 10

**32.** The following long title is hereby substituted for the long title of the principal Act:

“**To amend the Electricity Regulation Act, 2006 so as to delete, amend, and insert certain definitions; to provide for the application of the Act; to provide for the National Energy Regulator to consider applications for licences and the issue of licences; to provide for revocation and deregistration of licences; to provide for additional electricity, new generation capacity and electricity infrastructure; to provide for the establishment, duties, powers and functions of the Transmission System Operator SOC Ltd and transitional measures; to provide for an open market platform that allows for competitive electricity trading; to assign the duties, powers and functions of the Transmission System Operator SOC Ltd to the National Transmission Company South Africa SOC Ltd; to provide for delegation and assignment; to provide for offences and penalties; and to provide for matters connected therewith.**”.

15

20

**Short title and commencement**

**33.** This Act is called the Electricity Regulation Amendment Act, 2024, and comes 25 into operation on a date determined by the President.

**“34A. Ukusungulwa, imisebenzi, amandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Ltd;**

**34B. Amandla nemisebenzi yomthumeli, umqhubi wohlelo, umqhubi wemakethe kanye nesikhungo esiyinhloko sokuthenga”;** kanye

(f) ngokushutheka ngemuva kwesigaba “35. Imithetho, izimiso, izinqubomgom, iziyalo nendlela yokuziphatha nokuqhuba umsebenzi.” lokhu okulandelayo:

**“35A. Ukundlula amandla nokwabela**

**35B. Amacala nezinhlawulo**

**35C. Imihlinzeko yesikhashana”.**

10

**Ukufaka endaweni yesihloko eside soMthetho 4 wezi-2006, njengoba uchitshiyelwe isigaba 13 soMthetho 28 wezi-2007.**

**32.** Ngakho-ke lesi sihloko eside esilandelayo sifakwe endaweni yesihloko eside soMthethongqangi:

**“Ukuchibiyela uMthetho wokuLawulwa kukaGesi, wezi-2006 ukuze kususwe, kuchitshiyelwe kufakwe izincazelo ezithile; ukuhlinzekela ukusetshenziswa koMthetho; ukuhlinzekela ukuthi uMlawuli kaGesi waZwelonke acubungule izicelo zamalayisensi kanye nokukhishwa kwamalayisensi; ukuhlinzekela ukuhoxiswa kanye nokwesulwa kokubhaliswa kwamalayisensi; ukuhlinzekela ugesi owengeziwe, uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi kanye nengqalasizinda kagesi; ukuhlinzekela ukusungulwa, imisebenzi, amandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Ltd kanye nezinyathelo zesikhashana; ukuhlinzekela ukuba khona kwenkundla yemakethe evulelekile evumela ukuhwebelana ngogesi ngokuncintisana; ukunikeza imisebenzi, amandla kanye nemisebenzi ye-Transmission System Operator SOC Ltd kwi-National Transmission Company South Africa SOC Ltd; ukuhlinzekela ukuphathiswa nokwabela; ukuhlinzekela amacala kanye nezinhlawulo; kanye nokuhlinzekela izindaba ezhlobene nalokho.”.**

15

20

25

**Isihloko esifushane kanye nokuqala ukusebenza koMthetho**

30

**33.** Lo Mthetho ubizwa ngokuthi uMthetho wokuChibiyela ukuLawulwa kukaGesi, wezi-2024, futhi uqala ukusebenza ngosuku olunqunywe uMongameli.

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001  
Contact Centre Tel: 012-748 6200. eMail: [info.egazette@gpw.gov.za](mailto:info.egazette@gpw.gov.za)  
Publications: Tel: (012) 748 6053, 748 6061, 748 6065